**HILLCREST HIGH SCHOOL**

**UKUHLOLWA KUKALWEZI 2020**

**ISIZULU ULIMI LOKWENGEZELELA (FAL)**

**IPHEPHA LESIBILI (P2)**

**IBANGA LESISHAGALOMBILI (GRADE8)**

**ISIKHATHI: 2 Amhr.** **IMIKLOMELO: 50**

**IMIYALELO NOLWAZI:**

LELI PHEPHA LIHLUKANISWE IZIGABA EZINE.

| | | |
|---|---|---|
| * ISIQEPHU A | ISIFUNDO SOKUQONDISISA | [20] |
| * ISIQEPHU B | ISITHOMBE | [10] |
| * ISIQEPHU C | UHLELO LOLIMI | [20] |
| | | [50] |

**QAPHELA:**

- Funda **LONKE** iphepha ngaphambi kokuqala ukubhala**.**
- Bhala umsebenzi **OHLANZEKILE** ungahlikizi.
- Bhala izinombolo njengoba zibhalwe ephepheni lemibuzo.
- Sebenzisa isiZulu esivumelekile.
- Sebenzisa **UBHALOMAGAMA** oluvumelekile.
- Hlukanisa kahle isikhathi sesiqephu ngasinye.
- Funda **LONKE** iphepha uma uqeda ukubhala.

**OKUHLE KODWA !!!!!**

**ISIQEPHU A**

**UMBUZO 1**

**ISIFUNDO SOKUQONDISISA**

1. Fundisisa indatshana elapha ngenzansi bese uphendula imibuzo ngemisho EPHELELE.

**ZITHOKOZISE NOMNDENI WAKHO**

Baningi kabi abantu abangazi ukuthi khona la enqulwini bude buduze nedolobha elikhulu eThekwini kukhona indawo okuthiwa iKwaNgcolosi eduze nedolobhana i-Hillcrest. Le ndawo inhle, ipholile ilungele ukuthi uvakashe nomndeni wakho kuyo. Uma uthanda ulala khona izinsuku ozithandayo, noma ufike ekuseni bese ubamba oze ngayo ntambama. Le ndawo ibizwa ngokuthi iKwaNgcolosi. Inkosi ephethe kulesi sabelo uBhengu okunguNgcolosi isithakazelo sayo.

Ziningi izinto ongazenza ezingakwenza uthokoze uphinde uphumuze umqondo KwaNgcolosi. Kunendawo yakhona ebizwa ngokuthi, iWushwini African Pan Centre. Lapha kwenziwa izinto ezihlukene ezihambelana nokuzijabulisa, ukusina, o-gumboot, izinhlobo ezihlukile zemidanso yesimanje nokunye. Kule ndawo kuphinde kugqugquzelwe kukhuliswe amakhono ahlukene abantu abasha. Lokhu kusiza nangokuveza amatoho kubantu bendawo. Kuvula nezingqondo ngokuthi, umuntu uyakwazi ukuziphilisa ngekhono analo njengokudweba nokunye okwenziwa la eWushwini. Le ndawo inezivakashi eziningi eziphuma ezindaweni ezihlukene kanye namaciko emikhakha ehlukene. Angisaphathi abantu abaphuma phesheya kwezilwandle nakwamanye amazwe abaphuma bededelana kule ndawo. Kuyamangaza ukuthi kunabantu abangabokuzalwa khona KwaNgcolosi kodwa abangakaze balubhade eWushwini yize kuyindawo  edume umhlaba wonke.

Kukhona nodedangendlale wedamu lakhona elibizwa ngokuthi iNanda Dam elinganyelwe uMsinsi Nature Reserve. Lapho ubona nezilwane zasendle ezifana namadube onogwaja nezinye. Miningi-ke imidlalo edlalwa lapha. Kukhona abatheleka ngezimoto zabo esidonsa izikebhe zokutshuza bezotshuza kuleli damu elikhulukazi. Kanti kukhona nesakhona isikebhe esikhulu, esivuleke phezulu esilayisha abantu abaningi sipepenyeke nabo behamba bebuka izindawo ezakhelene naleli damu bephakathi esikebheni. Kukhona nomdlalo wabagwedli bezikebhe odume umhlaba wonke obizwa ngeDusi. Wona uye uqhamuke ngaseMgungundlovu uphikelele eThekwini e-Blue Lagoon lapho uphelela khona. Wona wenziwa minyaka yonke ngabagwedli. Kusuke kuphithizela KwaNgcolosi ngaleyo mpelasonto ikakhulukazi kulaba abathanda lo mdlalo weDusi.

Lapha edanyini kuke kufike amaculi abadumile abacula izinhlobo ezihlukene zomculo bezokwenza umgubho wedili lezinhlobonhlobo zomculo. Kufika abaculi be-jazz, i-Rnb, igqomu, omasikandi nezinye izinhlobo. Akekho ongalutholi uhlobo lomculo aluthandayo lomculo. Kuye kudayiswe amathikithi okungena kuleli dili lomculo ezindaweni ezahlukene nasezitolo ezaziwayo lusekude usuku. Kudilika zonke izinhlobo zabantu abangabathandi bomculo bezozijuxuza eduze kwaleli damukazi lodumo. Kushiswa nenyama kube intokozo yodwa. Abadala nabancane, kudele umakhasana. Nawe Ngcolosi awumncinyane neze.

1.1 Iyiphi le ndawo okukhulunywa ngayo la endabeni? (1)

1.2 Itholakala eduze kwaliphi idolobha elidumile eNingizimu Afrika indawo yaKwaNgcolosi? (1)

1.3 Kungani le ndawo ibizwa ngokuthi iKwaNgcolosi? (2)

1.4 Yini ebalulekile umuntu angayiyela KwaNgcolosi? Bhala okubili. (2)

1.5 Inaluphi usizo indawo yaseWushwini ezimpilweni zabantu basendaweni? (1)

1.6 Sibona ngani ukuthi zikhona izindawo zokulalisa izivakashi KwaNgcolosi ngokusho kwendaba oyifundile. (2)

1.7 Chaza isimo esenkulumo esibhalwe ngamagama ahlukile osinikezwe ngenzansi ngokukhetha impendulo eyisiZulu esijwayelekile kulezo ozinikeziwe. Bhala inombolo yombuzo nempendulo KUPHELA.

1.7.1 **Ukubamba oze ngayo** ngokwendaba kuchaza:

(a) Ukufika ekuseni kakhulu.
(b) Ukuphindela lapho uphuma khona.
(c) Ukuhlala unomphela ungabe usahamba. (1)

1.7.2 Uma kuthiwa **abangakaze balubhade** ngokwendaba kushiwo ukuthi:

(a) Abantu abasebenza khona.
(b) Abafika zonke izimpelasonto.
(c) Abakaze baye kule ndawo. (1)

1.8 Indawo yaseWushwini ayinalusizo ngalutho emphakathini wakwaNgcolosi. Vuma noma uphike bese usekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

1.9 Bhala izinto ezimbili zokuzijabulisa ngamanzi ofunde ngazo endabeni ongazenza phakathi edanyini lakwaNgcolosi. (2)

1.10 Khetha impendulo efanele kukhalamu B ehambelana naloku okukukhalamu A.

| A | B |
|---|---|
| 1.10.1 Uphelela e-Blue Lagoon. | (a) UMsinsi Nature Reserve. |
| 1.10.2 IWushwini African Pan Centre. | (b) Idili lomculo. |
| 1.10.3 Inkosi uBhengu | (c) Igqugquzela amakhono olusha. |
| 1.10.4 Kukhona nezilwane zasendle . | (d) Umdlalo wokugwedla izikebhe. |
| 1.10.5 Umculo kamasikandi, i-jazz neminye. | (e) Uphethe indawo yakwaNgcolosi. |

(5)
[20]

**ISIQEPHU B**

**UMBUZO 2**

**ISITHOMBE** (Umbhalo wokufunda nokubukwayo)

2. Bukisisa isithombe sesikhangisi osinikeziwe bese uphendula imibuzo ngemisho EPHELELE noma njengoba uyalelwe.

**INDUMEZULU**



**YEKHONSATHI LOMCULO**

**Thenga ithikithi lakho manje, uthole ukudla kwendlebe!**

**Woza nomndeni, abangani nozakwenu nizothamela umculo onhlobonhlobo.**


***UMASIKANDI – I-JAZZ – IHIP-HOP – OWOKHOLO – ISICATHAMIYA***

**INDAWO:**
Ingwe Dam, eJozini
**ISIKHATHI:**
Iqala ngehora le-9 ekuseni
Iphele ngehora le-11 ebusuku

**Kuboshelwe Izinkakha Zomculo.**



26–28 kuDisemba 2015



**PHUTHUMA E-COMPUTICKET UNGASALI!**

**LELI KHONSATHI LIHLELWE YINKAMPANI YASEJOZINI YEZOKUNGCEBELEKA**

**ABAXHASI BEKHONSATHI:**

ISIDINGO CASH AND CARRY
BUYA BUILDING CONSTRUCTIONS
AMANDLA TAVERN
UBISI LIVESTOCK

Imithetho Nemibandela

Abuvumelekile utshwala.
Amathikithi awatholakali esangweni.

[Umbhalo wokuziqambela]

2.1 Yayenzelwe kuphi nendawo le ndumezulu yekhonsathi? (1)

2.2 Kwakuvunyelwe abantu abangakanani ngeminyaka ukuthi bathamele leli khonsathi? (1)

2.3 Ikhonsathi lalizothatha isikhathi esingakanani ngosuku olulodwa? (2)

2.4 Lalizothatha izinsuku ezingaki ikhonsathi? (1)

2.5 Le ndumezulu  yekhonsathi ubani owayeyilihlelile? (1)

2.6 Isimo senkulumo esibhalwe ngokuhlukile esisetshenziswe esikhangisini sichaza okukodwa kulokhu okubhalwe ngenzansi. Khetha impendulo eyodwa khona uyibhale phansi.

Thenga ithikithi lakho manje, uthole **ukudla kwendlebe.**

(a) Umoya obandayo endlebeni.
(b) Okuzokujabulisa uma ukulalele.
(c) Amaconsi owafaka endlebeni. (1)

2.7 Ukuze ukwazi ukuthamela leli khonsathi kwamele ulithenge kuphi ithikithi lokungena? (1)

2.8 Ngokubona kwakho, yini edala bungavunyelwa utshwala kuleli khonsathi? (2)

**[10]**

**ISIQEPHU C**

**UMBUZO 3**

**UHLELO NOLIMI**

3.Fundisisa imisho elandelayo enezikhala bese ufaka amabizo ezigaba ozinikeziwe umusho ngamunye. QAPHELA ukuthi amabizo owafakayo awawulahli umqondo womusho. DWEBELA ibizo olifakile emshweni.

Isibonelo: (1) (2) obekufanele bafike bazolungisa ugesi abafikanga.

(ii) **Abantu** obekufanele bafike bazolungisa ugesi abafikanga.

3.1 USandile uthanda ukufundela (3) wokupheka ukudla okumnandi.

3.2 (2a) Bazohola impesheni ehholo lomphakathi KwaNgcolosi.

3.3 Kuhle ukusebenzisa (7) uzibuke ukuthi ugqoke kanjani ngaphambi kokuphuma endlini.

3.5 Izingane zigibela (5) lasekuseni njalo uma ziya esikoleni ezifunda kuso. (4)

**UMBUZO 4**

4. Shintsha izabizwana zoqobo ezidwetshelwe emshweni uzenze zibe amabizo ezwakala kahle angawushintshi umqondo womusho. DWEBELA ibizo olifakile.

Isibonelo: (i) Esibhedlela bayinquma yomibili (yona) ngenxa yengozi.

(ii) Esibhedlela bayinquma yomibili **imilenze** ngenxa yengozi.

4.1 Kwase kugobhoza (lona) labantu abalimala lapho ezazishayisene khona izimoto.

4.2 (Bona) bakhe abangafundi ibona abamenza akhohlwe ukwenza umsebenzi wesikole.

4.3 Odokotela bathi (sona) asipholi ngoba akasinakekeli uma esekhaya.

4.4 Zonke (zona) zakithi ziyakuthanda ukuvakasha uma kuvalwe izikole.

(4)

**UMBUZO 5**

5. Sebenzisa uhlobo lwebizo olinikiwe ezikokeleni emshweni elandelayo.

   DWEBELA ibizo olisebenzisile.

   Isibonelo: (i) UNtuthuko ….wesiginci owaziwayo emhlabeni.

   (Ibizomuntu)

   (ii) UNtuthuko **umdlali** wesiginci owaziwayo.

5.1 Aphuke wonke……esikoleni ngesikhathi kunomoya omkhulu. (Ibizo elingumfakela)

5.2 ……wafunda waze waba umcwaningi wamabhanoyi aphahlazekile. (Ibizoqho)

5.3 USosibo unomfana ongasikami…….sakhe noma eya emsebenzini. (Ibizoqoqa]

(3)

**UMBUZO 6**

6. Lungisa amaphutha owabona kule misho ebhalwe ngenzansi.

6.1 Leziyazingane sifundela ukupheka ehhotela.

6.2 Ubuthongolobo obumenze wasala ebhasini ekuseni.

6.3 Bhala uhlobo lwesabizwana sokukhomba osinikeziwe ezikokeleni emshweni elandelayo. DWEBELA isabizwana osibhalile.

Isibonelo: (i) Izinkomo (buqamama) ziyodayiswa zonke.

(ii) Izinkomo **lezo** ziyodayiswa zonke.

6.3.1 (Kude) imikhumbi kade yama echwebeni laseThekwini.

6.3.2 Umshado ungoMgqibelo (eduze) endlini yesonto.

6.3.3 Isililo (buqamama) ebenisizwa ebusuku bekungesomndeni wakhe. (5)

**UMBUZO 7**

7. Bhala igama **ELILODWA** elisho isihlobo esichazwe ngamagama amaningi. Bhala igama **KUPHELA.**

Isibonelo: (i) **Umfowabo kamama** uzoshada ngoDisemba.

(ii) Umalume

7.1 Lapha esikoleni sifundiswa **udadewabo kababa.**

7.2 Ngamaholide besivakashelwe **umama oshade nomalume**. (2)

**UMBUZO 8**

8. Khetha impendulo **EYODWA** elungile kulezi ozinikeziwe ezikokeleni bese ubhala igama **KUPHELA.**

Isibonelo: (i) Umuntu ozithandayo ongakuthandi ukungcola

kuthiwa….. (ivamba, ixebe, inono)

(ii) Inono

8.1 Umuntu onemilenze emincane kuthiwa…….(unomkhaba,

unemcondo, uyisishwapha)

8.2 Izingane ezizalwe zabambili noma ngaphezulu kanyekanye kuthiwa ………(amawele, amakhosana, amasosha) (2)

[20]

**ISAMBA 20+10+20 =[50]**